# IMBUYISELO YENTELA YOKUQASHA YENDAWO YOKUHLALA

- Ingabe wake wakhokha intela yokuqasha ku-Ingonyama Trust?
- Kungenzeka ukuthi kukweletwa imbuyiselo yemali.
- Thola lapha ukuthi ungayibuyisa kanjani imali yakho!

**YEKA UKUKHOKHA INTELA YOKUQASHA YENDAWO YOKUHLALA NAMHLANJE!**

## ICALA Lenkantolo: I-CASAC MELANA NEBHODI LE-INGONYAMA TRUST

Ngo-2021 iNkantolo Ephakeme yaseMgungundlovu yathola ukuthi i-Ingonyama Trust yenza ngokungekho emthethweni ngokuphoqa abantu abahlala emhlabeni we-Ingonyama Trust ukuthi basayine izivumelwano zokuqasha zomhlaba abasebevele benawo ngamalungelo omhlaba wesintu noma ngezitifiketi ze-Permission-to-Occupy (PTO).

Lezi zivumelwano zokuqasha zehlisa amalungelo abantu omhlaba futhi zatholakala zinge kho emthethweni ngaphansi koMthethosisekelo kanye noMthetho Wesikhashana Wokuvikela Amalungelo Omhlaba Angahlelekile (IPILRA).

Inkantolo yayala iBhodi le-Ingonyama Trust (ITB) ukuthi ibuyisele yonke imali yentela yokuqasha eqoqwe ngaphansi kwalezi zivumelwano zokuqasha ezingekho emthethweni.

## IYIPHI IMALI ENGABUYISWA?

- Yonke imali yentela yokuqasha oyikhokhele iBhodi le-Ingonyama Trust ngaphansi kwalezi zivumelwano zokuqasha ezingekho emthethweni phakathi kuka-2007 no-2021.
- Lokhu kusebenza noma ukhokhe ngezinyanga, unyaka nonyaka, noma nganoma iyiphi enye indlela yentela evamile.
- Sicela uqaphele ukuthi lezi zimbuyiselo zemali AZIPHETHELENE nezimali zokukhonza, izintela zendabuko noma izivumelwano zokuqasha ezohwebo.

**Imindeni yabantu abashonile nayo ingafaka isicelo egameni labo**

### Izivumelwano zokuqasha zibandakanya:

- Izivumelwano zokuqasha zendawo yokuhlala (lapho uhlala khona)
- Izivumelwano zokuqasha zomhlaba wokulima (amasimu okulima noma umhlaba wezitshalo)
- Izivumelwano zokuqasha zomhlaba womphakathi (amadlelo, ihlathi, noma umhlaba lapho utheza khona izinkuni)
- Imindeni yabantu abashonile nayo ingafaka isicelo egameni labo.

# UBANI ONGABUYISELWA IMALI?

**Ungafaka isicelo sokubuyiselwa imali uma:**

- Wena (noma ilunga lomndeni wakho) wawunamalungelo omhlaba wesintu noma isitifiketi se-PTO emhlabeni we-Ingonyama Trust,
- FUTHI Waphoqeleka ukuba usayine noma yisiphi salezi zivumelwano zokuqasha zendawo yokuhlala ne-Ingonyama Trust,
- FUTHI Wakhokha intela yokuqasha eBhodini le-Ingonyama Trust phakathi kuka-2007 no-2021.

## UNGASIFAKA KANJANI ISICELO SOKUBUYISELWA IMALI?

Le mbuyiselo yilungelo lakho. Thintana neHhovisi Lezimbuyiselo leBhodi le-Ingonyama Trust ucele ukubuyiselwa intela yakho yokuqasha.

## AMADOKHUMENTI ADINGEKAYO

- Amagama akho aphelele kanye nekhophi kamazisi (ID) wakho
- Isiqinisekiso semininingwane ye-akhawunti yakho yasebhange (isb. incwadi yasebhange noma isitatimende esinesitembu)
- Ikhophi yesivumelwano sakho sokuqasha, kanye nenombolo yereferensi yaso (uma unayo)
- Ubufakazi bezinkokhelo ozenzile (amarisidi, amasliphu asebhange, noma obunye ubufakazi)
- Isitifiketi sokushona, uma umuntu owasayina isivumelwano sokuqasha eseshonile
- Isitifiketi somshado uma umqashi wayeshadile
- Incwadi yokuba ngumphathi wefa, uma ufaka isicelo egameni lomuntu oshonile.

## UKUZE UTHOLE IMBUYISELO YAKHO, THINTA:

Inombolo yocingo yezimbuyiselo ze-ITB: 033 846 9900

·Sibusiso Mpanza: 083 843 8798

·Bongiwe Ndlovu: 083 262 9519

·Ayanda Mbanjwa: 083 379 6681

## UKUZE UTHOLE ULWAZI OLWENGEZIWE:

**LRC: 031 301 7572**

**ARD: 066 132 5909 / 010 021 0572**

LRC LEGAL RESOURCES CENTRE

LARC Land & Accountability Research Centre

Alliance for Rural Democracy